


# Indlela okukuthinta ngayo ukuba Sesigabeni Esingaphansi Komnotho



## Okujwayelekile

UHulumeni unesikweletu sika **R2.2trillion** - 50.7% we-GDP.




UHulumeni kumele usebenzise imali **imali eningi** ukhokhela isikweletu sawo.



**Nge-R1** ngalinye eliqoqelwe intela, **u-13c** kumele usetshenziselwe ukukhokha isikweletu sikaHulumeni



UHulumeni kumele **unciphise** imali yokubonelela umphakathi; **kuzoncipha** ukudalwa kwemisebenzi, ngakho **kuzokwanda** ukungabikho kwemisebenzi.



## Ezezindlu Nezokudla



**Ukukhokha inzalo enkulu** kumabhondi/imalimboleko kusho ukuncipha kwemali yokuqasha, ukudla, upharafni, igesi nogesi.

**IRandi Elintengantengayo** lisho ukukhuphuka kwentengo yokuthenga, ukudla zizokuthenga ngemali eshisiwe.



**Kuncipha ingeniso** lomuzi kanye namandla okuthenga imizi ayehla.

**Kuncipha imali** yokulungisa/yokuthuthukisa izindlu ngoba abantu babeka ukuthenga ukudla eqhulwini.

**Kuncipha isabelomali sezindlu zomxhaso** okusho ukuthi kuzoncipha izindlu zomxhaso ezitholakalayo.

## Ezempilo




**Kuzoncipha izimali** zokuqhubekisa nokuthuthukisa izibhedlela/imitholampilo.

## Izikhala zomsebenzi



Izihlinzeko zezokwelapha, impahla yokwakha nezokuthutha **kukhuphuke.**



## Ezemisebenzi Nezibonelelo Zomphakathi

Kuzokwanda ukungabikho kwemisebenzi ngenxa yokudilizwa kwabasebenzi nokuvalwa kwamafemu

Ukwanda kokuncishiswa kwesabelomali kanye nezikhala zomsebenzi

Ukuncipha kokudalwa kotshalomali kanye nokudalwa kwamathuba omsebenzi

Ukwanda kwengcindezi ekwehleni kwamandla emali kanye nomthelela ezingeni lokuphila

Kuzokhuphuka intengo kagesi

## Ezemfundo




Ukukhuphuka kukafuwela **kuzokwandisa izindleko zokuthuthwa kwezincwadi.**



Izindleko zokwakha zizokhuphuka - **okuzobambezela ukuthuthukiswa kwezikole.**

**Ukukhuphuka kwezindleko** zokuthuthela abafundi ezikoleni. **Ukuncipha kwemali** yezindleko zezikole.



Izindleko zokuthutha zoHlelo Lokupha Abantwana Ukudla Ezikoleni (SNP) kanye nezindleko zokudla zizokhuphuka okungase **kube nomthelela kuzingaqophelo, ubuningi kanye nokutholakala kokudla.**

## YINI ONGAYENZA?

Funda uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika futhi usebenzise amalungelo akho ukuze ukhumbuze abantu ngesibopho sokuphendula kanye nokuvueleleka;

Buza ikhansela lakho, i-MPL noma i-MP ngezinhlelo zokulungisa lesi simo ezihleliwe?

Khuthaza umphakathi wangakini ukuthi uzibandakanye ezingxoxweni, emasontweni, emathempelini, kuma-mosque kanye nasezikoleni ngokuthi zingaxazululwa kanjani izinselelo zeNingizimu Afrika;

Bamba iqhaza Emihlanganweni Kamasipala, bhalela iphephandaba langakini, bamba iqhaza kuzinkulumompikiswano zasemsakazweni ngalezi zindaba;

Bamba iqhaza emibhikishweni enokuthula, seka izikhalo futhi ulungise isethulo esibhaliwe usiqondise koMasipala, Ezishayamthetho nasePhalamende;

Landelela/Qapha ukuhlinzekwa kwemisebenzi yokunakekela umphakathi ukuze weseke ukuhlinzeka ngendlela egculisayo nesebenzayo;

Ukufundisa intsha yethu ngokuba yizakhamizi ezibambe iqhaza emphakathini.